# Wezelani emhlabeni uJesu na?

Ukuza kukaKrestu Jesu kulomhlaba kwakuyisenzo sothando, umusa nesihle esingaphezu kokuqonda. Ukuba ehle evela esikhundleni sakhe esiphezulu ezoba ngumuntu kusilethela ukumangala. Ukucabanga ukuthi iNdodana kaNkulunkulu, umbusi wamazulu, ezithoba ukuba ezalwe esibayeni elusana olusengozini. Umthelela walesenzo sodwa kwamele uthobe ukuzikhukhumeza nokuziqhenya kwemvelo koluntu.

Umbuzo okumele siwubuze ungothi wayezeleni na? Ubezela muphi umyalezo omqoka nomsebenzi okwakumele ezowuthula? Umthanddazo laJesu ngobusuku obuphambi kokubethelwa kwakhe usitshela sobala inhloso kanye nomsebenzi wakhe.

> Ngikukhazimulisile emhlabeni, ngifeze umsebenzi ongiphe wona ukuba ngiwenze. NgokukaJohane 17:4

Lapha uJesu usitshela umsebenzi awunikwe nguYise ukuba azowenza. Lomsebenzi wawukukhazimulisa uBaba. Ingabe iyini na inkazimulo kaNkulunkulu? UMose wawubuza lombuzo, uNkulunkulu wamambulela inkazimulo yakhe.

> Wayesethi: “Ake ngibone inkazimulo yakho.” U-Eksodusi 33:18
>
> UJehova wehla ngefu, wema naye lapho, **wamemeza igama likaJehova.** UJehova wadlula phambi kwakhe, wamemeza wathi: NguJehova! NguJehova! NguNkulunkulu ogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, novame ubumnene neqiniso, ogcinela abayizinkulungwane umusa, othethelela ububi neziphambeko nezono, ongayikuyekela onecala, ehambela ububi bawoyise kubantwana nakubantwana babantwana, kwabesizukulwane sesithathu nesesine.” U-Eksodusi 34:5-7

UNkulunkulu wayeveze isimilo sakhe. Isihe, umusa, ophuza ukuthukuthela noma obekezelayo novame ubumnene neqiniso. Kuyigugu elingakanani na ukwazi lezizinto ngoBabawethu. Ngakho siyabona ukuba uJesu wasambulela

isimilo sikaBaba, wasivezela isihe, nomusa, ukubekezela nokulunga neqiniso likaNkulunkulu.

Kuchaza ukuthini ukuthi uNkulunkulu uzohambela ububi bawoyise kubantwana kuze kubeyisizukulwane sesithathu nesesine? Okokuqala asithini ukubheka amazwi afana nalawa emyalweni elishumi.

> Ungazenzeli izithombe ezibaziweyo, namfanekiso wokusezulwini ngaphezulu, nowokusemhlabeni phansi, nowokusemanzini phansi komhlaba; ungazikhothameli, ungazikhonzi, ngokuba mina Jehova uNkulunkulu wakho nginguNkulunkulu onomhawu, ngihambela ububi bawoyise kubantwana kuso isizukulwana sesithathu nesesine sabangizondayo, kepha ngibenzela umusa abayizinkulungwane abangithandayo, bagcine imiyalelo yami. U-Eksodusi 20:4-6

UNkulunkulu weBhayibheli unguNkulunkulu womusa. Labo abaphendukela loNkulunkulu weqiniso, bezikhetheler unkulunkulu wokuziphindisela nowokujezisa ekugcineni bazoba namava walokho abakukholelwayo. Akusikho ukuthi uNkulunkulu usuka ebazwisa ubuhlungu kodwa kungenxa yokuthi bonke abahlamukela uNkulunkulu bazisusa bona othangweni lwesibiyelo lukaNkulunkulu bezithole esandleni sikaSathane umbhubhisi.

> Sinenkosi phezu kwaso, ingelosi yakwalasha, igama layo ngesiHeberu lingu-Abadoni, kepha ngesiGreki inegama lokuthi u-Apholiyoni - umbhubhisi. IsAmbulo 9:11

> Futhi asingayilingi iNkosi njengabanye kubo bayilinga, babhujiswa yizinyoka. Futhi ningakhononi njengabanye kubo bakhonona, babhujiswa ngumbulali.1 KwabaseKorinte 10:9-10

> USathane ungumbhubhisi, kepha uKrestu ungumsunguluIi nomdali. RH Nov 26, 1895

UNkulunkulu uthumela izingelosi zakhe ukuba zibheke zibiyele abantwana bakhe. Labo abahlamukela uNkulunkulu weqiniso, emva kweminyaka yokuncengwa nokunxuswa nguMoya kaNkulunkulu ekugcineni bayakhululwa

ngokukhetha abakwenzayo. Yilokhu okwenzeka ku-Israyeli kuzekubhidlizwe iJerusalema emva kokuba isizwe siphike uMesiya waso.

> Jerusalema, Jerusalema, wena obulala abaprofethi nokhanda ngamatshe abathunyelwe kuwe, kukangaki ngithanda ukubuthela ndawonye abantwana bakho njengesikhukhukazi sibuthela amazinyane aso phansi kwamaphiko aso, kepha anivumanga. Bhekani, indlu yenu isisala nani! NgokukaMathewu 23:37-38

## Izahlulelo zikaNkulunkulu aziyikuvela Kuye

UNkulunkulu akazibhidlizelanga isizwe sakwa-Israyeli mathupha. Wasishiya isizwe sabhidlizwa ngumbhubhisi.

> AmaJuda wayezifase ngamaketango abo; babezigcwalisele ngakwabo ikomishi lokuphindiselwa. Ekubhujisweni okwababawela njengesizwe, nakuzo zonke ezinye izinhlupho nomaye abalandela ekusakazeni kwabo, babevuna lokho abakade bekutshalile ngezandla zabo. Ethi umprofethi: "[Uzichithe] ngokwakho wena Israyeli, ngokuba ukhubekile ngobubi bakho." UHoseya 13:9; 14:1. Ukuhlupheka kwabo esikhathini esiningi avezwa njengesijeziso esivela kuNkulunkulu. Lena yindlela yomdukisi omkhulu yokuzifihla kanye nemisebenzi yakhe. Ngokuphikelela ekwenqabeni uthando nomusa kaNkulunkulu, **amaJuda abangela ukuba ukuba uthango lokuvikeleka lukaNkulunkulu lususwe kubo, kanti uSathane wabanamandla wokwenza ayefisa ukukwenza ngabo.** Izipheko ezisabekayo ezabakhona ekubhidlizweni kweJerusalema ziyisibonakaliso samandla kaSathane okuphindisela kulabo abazinikela esandleni sakhe. {GC 35.3}

Lokhu yikho okuchazwa ngumbhalo uma uNkulunkulu ethi uhambela ububi bawoyise kubantwana kuzekube yisizukulwanwe sesithathu nesesine salabo abamzondayo. Igama elithi *hambela* ngesiHeberu lichaza *ukubonelela, ukubheka, ukukhumbula.* UBabawethu osezulwini uvumela ukuba ukukhetha

komuntu ngamunye kubenomphumela wakho. Akabaphoxi abantu ukuba beguqule imiqondo yabo. Uyabonelela ukuba umuntu ngamunye wamukeliswa izithelo zezinqumo zakhe. IBhayibheli likuchaza ngalendlela.

> Ningaduki; uNkulunkulu akahlekwa. Ngokuba lokho akuhlwanyelayo umuntu, lokho wokuvuna. Ngokuba ohlwanyelela inyama yakhe uyakuvuna ukubhubha kuyo inyama; kepha ohlwanyelela uMoya uyakuvuna ukuphila okuphakade kuMoya. KwabaseGalatia 6:7-8

Imbewu yomoya ehlwanyelwa ngumuntu iyakuvunyelwa ukuba ilethe izithelo zayo, sezingaba eziya ekuphileni noma ekubhujisweni. UNkulunkulu uyabonelela ukuba lokho kwenzeke, umuntu wonke emukeliswe izithelo zezinqumo zakhe. Lena yiyona into efanele ukuba yenzeke. Nanoma uBaba kumbangela usizi olukhulu ukuvumela lokhu ukwenza ngoba enokubekezela okukhulu kanti futhi efisa ukuba ilungelo lokukhetha lawowonke umuntu ligcinwe njalo.

> Ngaboniswa ukuba izahlulelo zikaNkulunkulu aziqhamuki zivela kuyena mathupha uma ziwela phezu kwabo, kepha ngalendlela: bazibeka ngalena kothango lokuvikeleka. Exwayise, ekhuze, ebasole, ebavezela indlela eyodwa ephephile; bese uma labo abanakekelwa nguye ngendlela ekhethekile beqhubeka ngezindlela zabo ezingenani enokwenza noMoya kaNkulunkulu, nanoma esekhuze waphinda, uma beqhubeka ngokukhetha izindlela zabo, uvele engasayali izingelosi zakhe ukuba zivimbe uSathane ekuhlaseleni kwakhe. {14MR 3}

Kunabanye abaphikisayo abathi lomusho oka-Ellen White awusiso isimiso esingasetshenziswa ngasosonke isikhathi kepha bethi lomusho ukhuluma maqondana nesigameko esithile esasizokwenzeka maduze nje kuleso sikhathi ayebhala ngaso. Kwizigaba ezimbili ezingasenhla wabhala lokhu:

> Ngaboniswa ukuba isikhathi besesisondele kakhlulu lapho labo abaxwayiswa nguNkulunkulu ebakhuza ebathumela nokukhanya okukhulu kepha bengaziqondisi izindlela zabo ukuba belandele

> ukukhanya, ubezokhipha uthango lwasezulwini oluyisivikelo esibavikela emandleni kaSathane; uJehova wayezobashiya bodwa belandele izindlela nokuhlakanipha kwabo; babezovele beyekelelwe ezindleleni zabo, isivikelo sikaNkulunkulu sikhishwe kubo, bangasabi nasivikelo emandleni kaSathane; ngendlela engangokuthi akekho phakathi kwabantwana babantu ongaqonda isimanga sokunakekelwa nguNkulunkulu ngezingelosi zakhe ezisinakekela emgwaqeni, emakhaya ethu, ekudleni nasekuphuzeni kwethu. Konke lapho sikho, isolakhe lihlezinjalo liphezukwethu. Sivikeleke ezingozini eziyinkulungwane, zonke abangaziboniyo. USathane ubeke izigibe zakhe, kepha uJehova uhlezi esebenza njalo ukusindisa abantu bakhe kuzo. {14MR 2.3}

Nokho lesi yisimiso uNkulunkulu asiveza emyalweni yakhe elishumi, kanti noJesu uveza isimiso esifanayo kubathungameli besizwe samaJuda uma ethi indlu yabo isala nabo. Isimiso esifanayo siveziwe nalapha futhi njengesimiso esigoqelela zonke izizwe ezimenqabayo.

> UNkulunkulu ugcina incwadi yezizwe. Imizwilili ayiweli phansi angazi noma enganakile. Labo abenza okubi kwabanye bethi uNkulunkulu akazi, ngolunye usuku bazomelwa wukuba behlangane nolaka lweminyaka. Ngalezi zinsuku esiphila kuzo sibona indelelo engaphezu kwejwayekile etshengiswa uNkulunkulu. Abantu sebefike ezingeni lokuthuka nokungalaleli olutshengisa ukuthi ikomishi lobubi sekusele kancane ligcwale. Iningi sekusele kancane bedlule umkhawulo womusa. Maduze nje uNkulunkulu uzotshengisa ukuba unguNkulunkulu ophilayo. Uzasho kwizingelosi zakhe ethi, "Ningasamelani naye uSathane emizameni yakhe yokubhidliza. Mvumeleni enze umonakalo wakhe ezinganeni ezingalaleli; ngokuba ikomshi lobubi ligcwele. Sebethuthuke ngobubi kusukela ezingeni elilodwa besiya kwelinye, bengeza suku nosuku ukungabi namthetho. Angisayi kumnqabela umbhubhisi ukuba enze umsebenzi wakhe." {RH, September 17, 1901 par. 8}

Ngakho ke uma u-Ellen White esho okuzokwenzeka ngaphambili usuka eveza isimiso sikaNkulunkulu esokubhekana nokuhlamuka. Kwakungasiyo into enzeka ngalesigameko kuphela. Yisimiso esigqizelelwa yilemisho eminingi ekhuluma ngezingelosi zikaNkulunkulu.

> **Izingelosi zithunyelwa zivela emagcekeni asezulwini,hhayi ukuzobhidliza,** kepha zizela ukunakekela nokulondoloza imphefumulo esengozini, nokuletha abadukileyo emhlambini. {RH May 10, 1906}

> **Izingelosi [zezulu] azibuyi emhlabeni ukubhidliza nokusola, ukuphoxa ukukhonzwa nokukhothamelwa, kepha ziyizithunywa zomusa eziphathisana nomholi wamabutho kaJehova,** ukubambisana nabantu abazophuma beyofuna besindise izimvu ezidukileyo. Izingelosi ziyalezwe ukuba zizungeze abamesabayo nabamthandayo uNkulunkulu. {ST November 20, 1893, par. 3}

Mayibongwe iNkosi ukuba ayithumi zingelosi zayo ukubhubhisa. Akasuye uMbhubhisi, ungumdali nomnakekeli wethu.

## UNkulunkulu akaphoqe muntu

Ukuze wonke umuntu ebenelungelo lokukhetha beyamukele izithelo zezinqumo zabo, uNkulunkulu akunakwenzeka ukuba ephoqe namunye umuntu nangasiphi isikhathi. Leliqiniso livezwe ngendlela ecace kakhulu eBhayibhelini naseMoyeni wesiprofetho.

> Umphefumulo wami usesandleni sami njalo; nokho umthetho wakho angiwukhohlwa. AmaHubo 119:109

> Uma kukubi emehlweni enu ukukhonza uJehova, **khethani namuhla ukuthi ngubani eniyakumkhonza,** noma onkulunkulu ababakhonzayo oyihlo besengaphesheya koMfula, noma

> onkulunkulu bama-Amori enihlala ezweni lawo; kepha mina nendlu yami siyakumkhonza uJehova.” uJoshuwa 24:15

Uma umuntu esatshiswa ngokubulawa yilabo abangafisi ukubalandela, lokhu akusiyo inkululeko yokukhetha. Uma uNkulunkulu esongela ngokushisa nokubhubhisa labo abenqaba ukumlandela, akabanikezi inkululeko yokukhetha. Lokho kuchaza khona ukuba uyabaphoqa ukuba bemkhethe. Kepha umbuso kaNkulunkulu awukho njalo.

> Ukusetshenziwsa kwendluluza kuphambene nezimiso zombuso kaNkulunkulu; yena ufuna ukusetshenzelwa ngothando kuphela; kanti uthando lungeyalwe; alukwazi ukuzuzwa ngencindezi. Luvuswa ngolunye uthando kuphela. Ukwazi uNkulunkulu kungukumthanda; kanti isimilo sakhe kwamele sibonakaliswe kunesikaSathane. {DA 22}

> Bekungenakwenzeka ukuba ukuhlubukla kunqotshwe ngamandla. Amandla aphoqhayo atholakala embusweni kaSathane kuphela. Izimiso zikaJehova azihambi ngalendlela. Amandla akhe amiswe phezu kokulunga, umusa nothando; ukwambula kwalezizimiso yiyona ndlela okumele isetshenziswe. Umbuso kaNkulunkulu umaqondana nendlela yokuziphatha, kanti iqiniso kanye nothando kuphela olufuqa abantu balowo mbuso. {DA 759.1}

> Incindezi yiyona ndlela yokugcina yokwenza izinto kuyoyonke inkolo yamanga.{ST May 6, 1897}

Uthando lungeyalezwe muntu. IBhayibheli lithi uthando oluphelele luxosha uvalo. Uma uNkulunkulu esongela abantu ngokufa kushukuthi akakwazi ukuphinda ebakhulule ovalweni.

# Umsebenzi kaKrestu

Ngalemicabango, ngifisa ukuveza nakhu ukuqoqwa kwezingcaphuno eMoyeni wesiprofetho eziveza sobala umsebenzi kaKrestu kulomhlaba. Njengokusho

kwakhe uJesu, umsebenzi wakhe ubungowokuveza inkazimulo noma isimilo sikaYise. KuJohane 17, amavesi amabili kuphela kusukela kulapho achaza khona ukuba wazela ukuzokhazimulisa uBaba, usho lokhu.

> Ngibonakalisile igama lakho kubantu ongiphe bona kwabasezweni; babengabakho, wangipha bona; baligcinile izwi lakho. Johane 17:6

UNkulunkulu wamemezela igama lakhe kuMose njengalokho kulotshiwe ku-Eksodusi 34:5. Lapha uKrestu usitshela ukuthi akagcinanga ngokulimemezela kepha ulibonakalisile igama likaYise. Lokho kuchaza ukuthi usitshengise uYise. Njengokusho kwakhe kuFilipu.

> UJesu wathi kuye: "Isikhathi esingaka nginani, awukangazi, Filiphu, na? Ongibonile mina ubonile uBaba; usho kanjani ukuthi: 'Sikhombise uYihlo,' na?" Johane 14:9

Ngiyakucela ukuba ucabangisise lezingcaphuno ukuze wazi ukuthi uKrestu wayezele muphi umsebenzi kulomhlaba.

> **Uthando, inhlonipho** nokuphelela **okwambulwa kwiVangeli kuyisambulo sesimilo sikaNkulunkulu kumuntu. Ubulungiswa**, **ubuhle nobubele** obabonakala esimilweni sikaKrestu kwamele bubonakale buphindaphindwa ezimpilweni zalabo abamukela amalungelo weVangeli. Ngokufunda izwi, kwamele simbone ayilokhu ayikho, sikhule siphenduke lowomfanekiso ofanayo nathi uma sihlelwe wubuhle bempilo yakhe. **Kwamele siqonde ukuba Ivangeli liveza ngokugcwele inkazimulo kaJehova. Liyisibuko esiveza isimilo sikaNkulunkulu kumuntu oguqukileyo. UNkulunkulu uveziwe esimilweni esiphelele seNdodana yakhe,** ukuze siqonde ukuba kuchaza ukuthini ukudalwa ngokomfanekiso kaNkulunkulu, nalokhu esingabayikho uma siqhubeka ngokubheka, sizovumela ukuba siguqulwe ukusuka "enkazimulweni sisiya enkazimulweni." {ST February 24, 1909, par. 3}

Ivangeli liveziwe ezingcwadini ezine ezokuqala eTestemendeni elisha. inkazimulo kaJehova siyifica iyambulwa kulezi zingcwadi. Yikho uPhawule akhuluma ngakho uma ethi:

> Kepha thina sonke esibuka ngobuso obambuliwe inkazimulo yeNkosi njengasesibukweni siyaguqulwa, sibe njengalowo mfanekiso ngokuya enkazimulweni, njengalokhu kumi [ngoMoya weNkosi]. 2KwabaseKorinte 3:18

UKrestu utshela uFiliphu ukuba uma nje engabona uKrestu, uzobe ebone nqo lokho uBaba ayikho.

> **KuKrestu, uNkulunkulu wayebheke umfanekiso wakhe uqobo. UNkulunkulu wabonakala enyameni ngenxa yokuthi isimilo sakhe nesikaKrestu zazifana.** Ukuba uNkulunkulu avezwe ngalendlela enyameni kwakuyisimanga kumabandla asezulwini, "ngisho imfihlakalo ebififihlakele selokhu kwaqala izikhathi nezizukulwane." {ST, April 15, 1897 par. 10}

Siyatshela ukuba ukubonakala kukaKrestu enyameni kwambula ngokugcwele isimilo sikaNkulunkulu. Ukugcwala nokuphelela kwesimilo sakhe kwambulwa ngesikhathi uKrestu elapha emhlabeni.

> UNkulunkulu ubiza ukuphelela kwabantwabakhe. Umthetho wakhe uluhlelo olulotshwe phansi lwesimilo sakhe, uphinde ubengumgangatho wezimilo zonke. Lomgangatho ongenamkhawulo ubekwe phambi komuntu wonke ukwenzela kungabi naphutha maqondana nenhlobo yabantu abazongena embusweni wakhe. **Impilo kaKrestu emhlabeni yayiyisambulo esiphelele somthetho kaNkulunkulu,** kanti uma labo abazibiza abantwana bakaNkulunkulu befana noKrestu ngokwesimilo, bazobonakala belalela imiyalo kaNkulunkulu. {COL 315.1}

Uma impilo kaKrestu yayiyisambulo esiphelele somthetho kaNkulunkulu kanti uMoya wesiprofethi ubuye uthini ngawo lowomthetho?

> Umthetho kaNkulunkulu ungcwele njengaye. Umthetho uyisambulo sentando kaNkulunkulu, uhlelo olulotshiwe lwesimilo sakhe, uyisibonakaliso sothando nokuhlakanipha kukaNkulunkulu. {PP 52}

Uma impilo kaKrestu esasemhlabeni iyisambulo esiphelele somthetho kaNkulunkulu, nomthetho ungcwele njengaye, uphinde ube luhlelo olulotshwe phansi lwesimilo sakhe, kusho khona ukuthi uKrestu esemhlabeni wabonakalisa ngokuphelele isimilo sikaNkulunkulu. Ngalezizinto engqondweni, manje bheka nangu umusho ophefumulelwe:

> UKrestu akakaze abulale muntu... {Ms62-1886.64}

Lokhu yikho nqo! esikutshelwa ngumthetho kaNkulunkulu:

> Ungabulali. U-Eksodusi 20:13

Ake silandele nawu umqondo.

1. Impilo kaKrestu esemhlabeni yisibonakaliso esiphelele somthetho kaNkulunkulu.
2. UKrestu akazange wabulala muntu.
3. Umthetho uthi ungabulali.
4. Ngakho-ke, uNkulunkulu akabulali - muntu.

Lokhu kusobala njengalapho iBhayibheli lithi uNkulunkulu munye, neNkosi yinye. Umhlaba namhlanje uphendula leliqiniso elisobala ulenze inkimbinkimbi kepha alikhonjalo. Lisobala. Umhlaba ngendlela efanayo wenza lukhuni indaba ethi uNkulunkulu ubulala abantu lapho uKrestu ekuveze sobala ukuthi akakwenzi lokho, nokuthi uyisambulo esiphelele sikaYise.

> Labo asebabanamava nesibusiso sikaNkulunkulu kwamele bebengabantu abagcwele ukubonga. Kwamele bephakamise amazwi okubonga ngoba uKrestu uze esenyameni enesono, wembhathisa ubuNkulunkulu bakhe ngobuntu, ukuze elethe emhlabeni ukuphelela kukaNkulunkulu esimilweni sakhe. Weza lapha ukuzomela uNkulunkulu, hhayi njengommeli ononya, kepha

> njengoYise onothando. "Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade." UNkulunkulu uluthando. Lelikwakuyiqiniso elikhulu uKrestu ayezele ukuzoliveza. **USathane ubesephuphuthekise amehlo abantu ngesimilo sikaNkulunkulu ngangokuthi abantu bebemele kude naye uNkulunkulu; kepha uKrestu wazela ukuzoveza izici zikaYise, nokuveza sobala ukuba ufuze yena uqobo.** "Ngenza njengokuba uBaba engiyalile." "Lo myalo ngiwamukele kuBaba." **Injongo nenhloso yokuza kukaKrestu emhlabeni ibingeyokwambula uYise.** {ST, April 11, 1895 par. 2}

UKrestu ufuze uBaba uqobo njengalokhu sitshelwa kumaHeberu 1:3. Ethi u-Ellen White uKrestu emhlabeni wayezele ukuzoveza izici zikaBaba njengesiqu noma iNdodana ethathe ufuzo kuYise. Nomusho owuyisipikili sokugcina.

> **Injongo nenhloso yokuza kukaKrestu emhlabeni ibingeyokwambula uYise. {**ST, April 11, 1895 par. 2}

Lomusho uyisambulo esiphelele sikaJohane 17:4. Umsebenzi ukaKrestu emhlabeni ubungowokusivezela uBaba. Malibongwe igama leNkosi ngalemisho esobala.

> UKrestu waphakamisa isimilo sikaNkulunkulu, enikela kuye lonke udumo, nezibongo, kanti **injongo yomsebenzi awuzela lapha emhlabeni-; ukubeka abantu endaweni yabo ngokubambulela uNkulunkulu. KuKrestu emi phambi kwabantu bekumi umusa nokuphelela okungena kuqhathaniswa okukaBaba.** Emkhulekweni wakhe ngaphambi kokuba ebethelwe emthini, washo lamazwi, "Ngibonakalisile igama lakho." **"Ngikukhazimulisile emhlabeni, ngifeze umsebenzi ongiphe wona ukuba ngiwenze." Uma injongo yokuza kwakhe emhlabeni eseyifezile,—ukwambula uNkulunkulu emhlabeni,—iNdodana kaNkulunkulu yamemezela ukuba umsebenzi wayo**

> **ubusufezekile, nokuthi isimilo sikaBaba besesibonakalisiwe kubantwana babantu.** {ST January 20, 1890, par. 9}

Siphinde futhi, sishiywa ngaphandle kokungabaza maqondana nenhloso yokuza kukaKrestu emhlabeni. Wayezele ukuzobeka abantu ekukhanyeni ngesambulo sikaNkulunkulu. Ukwandisa kuka-Ellen White amazwi akaJohane 17:4 kuchaza kahle kakhulu umsebenzi kaKrestu:

> **Uma injongo yokuza kwakhe emhlabeni eseyifezile,—ukwambula uNkulunkulu emhlabeni,—iNdodana kaNkulunkulu yamemezela ukuba umsebenzi wayo ubusufezekile, nokuthi isimilo sikaBaba besesibonakalisiwe kubantwana babantu.**{ST January 20, 1890, par. 9}

Kuyathathekisa ukwazi ukuba umsebenzi kaKrestu emhlabeni wasitshengisa ukuthi uBaba unjani. Singaba nesiqiniseko sokuthi siyamazi uBaba ngenxa kaKrestu. Kungalendlela uKrestu eyindlela eya kuBaba, iqiniso likaBaba kanye nokuphila kukaBaba.

> Kwamele behambe ngezimiso zezulu besase lapha emhlabeni uma bezoba ngamalungu womndeni wasezulwini. **Impilo kaKrestu emhlabeni wethu kwakumele iveze isithombe sesimilo esiphakamileyo ngobuhle.** Amazwi akhe kwakumele enikeze impilo, ukwenzela ukuthi ngamazwi nangezenzo zakhe abantu babenesithombe esigqamileyo sesimilo sikaBaba. Amakrestu akumele ekhohlwe nangasiphi isikhathi ukuba kwamele babengabalandeli bakaKrestu ezintweni zonke. {Ms11-1895.10}

Akuna kwenzeka ukuba singenza iphutha ngalezingcaphuno. Kungani abantu bathanda ukuthi uKrestu wayezele emhlabeni ukuzoveza umusa kaBaba kuphela, kanti maduze nje uzoveza ubulungiswa bukaNkulunkulu? Lokhu kuletha inkinga enkulu embhalweni, kwenza singalithembi kahle-hle iBhayibheli kanye noMoya wesiprofetho.

> Kungakhathazekile imizamo yabo yokuphikisana nokumelana nomsebenzi wakhe, uKrestu wabanomthelela ebantwini, ngisho

naseJerusamlema, ukwedlula owabo (abafarisi). Izixuku zabantu ezazingenani yokwenza nezintshumayelo ezide zoRabi babehehwa yizimfundiso zakhe. Babeqonda amazwi akhe, kanti nezinhliziyo zabo zifudumale ziduduzeke. **Wayekhuluma ngoNkulunkulu, hhayi njengomahluleli okhgohlakele, kepha njengoYise omnene, kanti wabonakalisa umfanekiso kaNkulunkulu kwangathi esibukweni. Amazwi akhe wayengathi yiBalsamu emoyeni odabukileyo.** Ngamazwi akhe kanye nangemisebenzi yakhe yomusa wayehlephula ijoko elinamandla elaliqindezela abantu lemiyalo yabantu namasiko, eveza uthando lukaNkulunkulu ekujuleni kwalo. {DA 204.4}

Yaze yakhulunywa kahle lento. UKrestu wabayisibuko esiveza isimilo sikaBaba ngesikhathi elapha emhlabeni. Kwakuyisibonakaliso esiphelele.

Kwakunjalo ke kanti kuzohlezi kunjalo kuze kube sekupheleni kwesikhathi. Isono yisici sikaSathane, kanti sizohlezi siphikisana simelana nokuhle. Umoya kaKayine ubonakaliswa ezinkolweni zonke zamanga. **Umsebenzi kaSathane ngowokwahlula nokushabalalisa, ukuthathela umuntu inkululeko kanye nempilo.** Ukweqa komthetho hlezi kwenza abantu ukuba babeyizisebenzi zikaSathane, ukuze bephumelelise injongo yakhe ephambene noma emelane. **ENazaretha uKrestu wamemezela ukuba umsebenzi wakhe ubungowokuphidisela nokuphakamisa, owokuletha ukuthula nenjabulo. Wayezekulomhlaba ukuzomela uBaba, waveza amandla akaNkulunkulu ngokunikeza abafile impilo, ngokusindisa abagulayo nabahlukumezekile. Ubesemhlabeni enjengomuthi wokuphila. USathane usempini noKrestu, umbuyiseli kaNkulunkulu. Izisebenzi ziphakamiselwe ukumelana nomsebenzi woMsindisi owokuphakamisa nowokuthuthukisa umuntu. Ukufa kokuqala okwavela emhlabeni kweza ngenxa yomphumelelo wezimiso zikaSathane; kanti kusukela**

> **ngalesasikhathi kuze kube manje uKrestu nabalandeli bakhe bathelwa ngenzondo ebuhlungu.** {ST March 21, 1900, par. 13-15}

Umahluko kulesingcaphuno ucacile. Umsebenzi kaSathane ungowokulahla nokubhubhisa, ukuphuca inkululeko nokushabalalisa izimpilo. Umsebenzi kaKrestu ungowokubuyisela, nokuphakamisa nokuletha ukuthula. Umahluko othathekisa kangaka. Ngokwenza lomsebenzi uKrestu usivezele uBaba. Ngizwa injabulo enkulu ngokufunda nje lezingcaphuno. Ngiyathemba nawe ngokunjalo.

> **Ngaye uJesu, iNdodana kaNkulunkulu, uBaba wambulwe ngokugcwele emhlabeni wonke.** UJesu wathi kubafundi bakhe: "uma beningazi mina, nga nimazi noBaba; kusukela manje niyamazi, nimbonile." UFiliphu wathi kuye: "Nkosi, sikhombise uYihlo, kusanele." UJesu wathi kuye: "Isikhathi esingaka nginani, awukangazi, Filiphu, na? Ongibonile mina ubonile uBaba; usho kanjani ukuthi: "Sikhombise uYihlo,' na?" Imiphefumulo ezinkulungwane namhlanje iyakhala, "Sitshengise uBaba, kusanele lokho. Asikwazi ukuthi uNkulunkulu unguBaba wethu singekamboni." UJesu usho kuwowonke umuntu onjalo, njengalokhu eshilo kuFiliphu: "Isikhathi esingaka nginani, awukangazi, Filiphu, na? Usuyibonile yini imisebenzi yami, noma izimfundiso zami zona sewuzimamele yini, izimanga esengizenze ngegama likaBaba sewuzibonile yini? Noma kunjalo awukayiqondi yini imvelo kaNkulunkulu? **Sengikhuleke nawe ngakukhulekele, nokho akuveli kuwe ukuba ngiyindlela neqiniso nempilo, nokuthi empilweni yami ngikuvulele isimilo sikaBaba? Ngiwukumenyezela kwenkazimulo kaBaba, ngingumfanekiso wesiqu sakhe uqobo. "Awukholwa ukuthi ngikuBaba, noBaba ukimi, na? Amazwi engiwakhulumayo mina kini angiwakhulumi ngokwami; kepha uBaba ohlezi kimi wenza imisebenzi yakhe.** Kholwani yimi ukuthi ngikuBaba, noBaba ukimi; uma kungenjalo, kholwani ngenxa yalemisebenzi. Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kini: Okholwa yimi, imisebenzi engiyenzayo mina naye uyakuyenza,

> nemikhulu kunale uyakuyenza; ngokuba mina ngiya kuBaba.'" {ST June 9, 1890, par. 1}

Akuthathekisi yini? Inkinga efana nqo nekaFiliphu isaqhubeka nanamhlanje. Wayengaboni ukuba uKrestu wayeyisibonakaliso esigcwele sikaBaba. Cishe izwe lonke lamakrestu liphuphutheke ngendlela efanayo. Siyabonga Nkosi Jesu ngokusambulela uBaba ngesikhathi ulapha emhlabeni.

> UKrestu weza emhlabeni ukuze ebengumnikelo wethu. Weza ukuzosivezela emehlweni ethu ingcebo yamaqiniso, ewafaka ezinhlakeni ezintsha,—izihlaka zeqiniso. Uvele wehla nendlu yengcebo kaNkulunkulu, yezinto ezintsha nezindala ukwenzela ukuba sikwazi ukufumana indlela yecebo oluyisimanga losindiso. Ngemihlatshelo neminikelo yezinsuku zesizwe samaJuda kusikiselwa kukhonjwe phambili kuKrestu, iwundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe. Ngesikhathi uKrestu eza, wayezele ukuzobhekana nqo nesitha sikaNkulunkulu nesabantu, kuwona lomhlaba phambi kwe ndalo yonke. **Pho kungani kwakumele kubenempi phambi kwendalo yonke?—Kwangungenxa yokuthi uSathane wayeyisithunywa esiphakeme kakhulu, kanti ekuweni kwakhe, wakhuthaza izingelozi eziningi ukuvukela umbuso kaNkulunkulu. Wasebenza ezingqondweni zezingelosi ngendlela asebenza ezingqondweni zabantwana babantu namhlanje. Wayeshaya sengathi wayenenhlonipho nokwethembeka kuNkulunkulu, nanoma ayenza isiphakamiso sokuthi izingelosi azidinge kuba ngaphansi komthetho. Ubutha bakhe wabugoqela emibonweni, kanjalo-ke inzondo yomthetho kaNkulunkulu yavuka ezingqondweni zezingelosi ngenxa yakhe. Wabangela ukuwa kwabantu ngendlela efana naleyo awisa izingelosi ngayo;** kanti emhlabeni lapho waphakamisela ukuba ethuthukise izimiso zakhe kulapho impi yabonakala khona, ukwenzela ukuthi bonke bebona umphumela wokungalaleli umgangatho omkhulu kaNkulunkulu. Waveza uNkulunkulu ekukhanyeni okungasikho, emgcokisa izici nezimpawu zakhe.

> **UKrestu weza ukuzobonakalisa isimilo sangempela sikaBaba. Wasivezela ukuba uNkulunkulu akasuye umahluleli ononya, olungele ukuletha ukwahlulela ebantwini, ojabulela ukubathela icala nokubalahla nokubajezisa ngenxa yezenzo zabo ezimbi.** INkosi yamemezela isimilo sayo kuMose isentabeni. "UJehova wehla ngefu, wema naye lapho, wamemezela igama likaJehova. UJehova wadlula phambi kwakhe, wamemeza wathi: "NguJehova! NguJehova! NguNkulunkulu ogcwele isihe, onomusa, ophuza ukuthukuthela, novame ubumnene neqiniso, ogcinela abayizinkulungwane umusa, othethelela ububi neziphambeko nezono, ongayikuyekela onecela." {ST November 18, 1889, par. 6}

Isambulo esibucwayi kangaka ngoBaba. U-Ellen White usinikeza isifinqo esihle kakhulu sokuthi kungani uKrestu eza emhlabeni. USathane wayedukise iningi ezulwini kanye noluntu lonke maqondana nesimilo sikaNkulunkulu. Ukrestu uveze iqiniso lokuthi uNkulunkulu ungubani na.

> **Lena kwakuyinchazelo ayesinike yona uNkulunkulu ngesimilo sakhe. UJesu weza ukuzoveza ubuhle nomusa kanye nothando lukaBaba, kanti uSathane wayegcwele ngobutha maqondana neNdodana kaNkulunkulu, wasebenza ngamandla ukuba embhubhise zisuka nje ezalwa.** USathane wasebenzisa uHerod inkosi ukufeza injongo yakhe, kodwa uJehova wayilondoloza impilo yeNkosi uJesu esaseyingane, imizamo yomubi yaphenduka ize neze. Impilo kaKrestu ibihlezi njalo isencipheni. ngesikhathi esiningi nalapho abantu sebezwile amazwi akhe omusa, bebone nezibonakaliso zamandla akhe okwelaphea abagulayo nokubusisa ababemzungezile, nokho babelungele ukumbulala. Isono wayesizonda ngenzondo ephelele. Kwakuyimpilo yakhe emsulwa engena sici eyabangela ukuba uSathane nesizwe simzonde kangaka; ngokuba uKrestu akenzanga sono; akufunyanwanga nankohliso emlonyeni wakhe. Isizwe samaJuda sasigcwele ukungabaza nobandlululo, kanti lokhu kwabaholela ekutheni

beyizonde iNdodana kaNkulunkulu. Ngenxa yokungakholwa kwabo, babesehlangothini lomubi. {ST November 18, 1889, par. 7}

**Izulu, likhangele phansi, labona yonke inkohliso abantwana babantu ababeholelwe kuyo, lalisazi ukuba umfundisi ovela ezulwini kwakumele eze emhlabeni. Ngenxa yezimfundiso ezingezona zesitha, iningi lalidukiswe ngangokuthi lalikhonza unkulunkulu wamanga, owembeswe izici zesimilo zikaSathane.** Bonke abasemnyameni nabangazi kwamele befikelwe yikukhanya, ukukhanya komoya; ngokuba izwe alimazanga uNkulunkulu kanti sekumele eyambulwe emhlabeni. **UQiniso wabheka phansi esezulwini, akabonanga nasinye isimilo esasibonakalisa isimilo sakhe emhlabeni; ngokuba amafu aminyene obumnyama ayemboze umhlaba wonke. YiNkosi uKrestu kuphela owayengaginga lamafu; ngoba uwukukhanya kwezwe.** Ngobukhona bakhe ubengachitha ithunzi lobumnyama uSathane alifaka phakathi kwabantu noNkulunkulu. {CT 28.1}

**INdodana kaNkulunkulu yeza kulomhlaba ukuzoveza isimilo sikaBaba kubantu, ukwenzela ukuba befunde ukumkhonza ngeqiniso nangomoya.** Yeza ukuzohlanyela iqiniso emhlabeni. Wayephethe okhiye zengcebo yokuhlakanipha kukaNkulunkulu, ikwazi ukuvula amasango wezeSayensi, nokwambula ulwazi olwalungakazi lufunyanwe; olwalumqoka ensindisweni. Ukukhanya okukhanyisela wonke umuntu oweza emhlabeni, sonke isigaba seqiniso sasisobala kuye. {CT 28.2}

**Ebumsulweni bempilo yakhe, wayeveze uYise, kanti inkazimulo kaNkulunkulu yabonakala esimilweni sakhe. Ukuphelela kukaBaba kwabonakaliswa phambi kwemihlaba engazanga yawa naphambi kwezingelosi nakubantu abasesonweni.** Emsebenzini kaKrestu wokumela abantu ebengumlamuli wabo, uthando lukaNkulunkulu lwambulwa ngokuphelele phambi kwabantu naphambi kwezingelosi. Esemelane isilingo

sasenkangala wasinqoba, esesinqobele thina, wayesebhekisa izinyathelo zakhe eKhalivari, kanti ekupheleleni kwakhe kokuba ngumuntu ubamba umhlaba, bese ekubeni nguNkulunkulu kwakhe ngokuphelele njalo ubamba isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Wamemezela umphumela wokungqubuzana kwakhe nesitha okubi, wamemeza "Kalokhu umbusi waleli zwe uzakuxoshwa," kalokhu isitha sokugcina sichithiwe. {ST June 27, 1895, par. 7}

**Konke umuntu adinga ukuba ekwazi noma engakwazi ngoNkulunkulu sekwambuliwe empilweni nasesimilweni seNdodana yakhe.** "Akakho oke wabona uNkulunkulu; iNdodana ezelwe yodwa esesifubeni sikaYise yiyona embonakalisile." Johane 1:18. **Ngokuthatha uluntu phezu kwakhe, uKrestru weza ukuba ebemunye noluntu, kanti ngesikhathi esifanayo eveze uBaba wethu osezulwini kubantu abagcwele isono.** Wayefana nabafowabo kukho konke. Waba yinyama njengalokhu nathi siyiyo. Wayelamba, esoma, ekhathala. Wayeqiniswa yikudla, evuselelwa yikulala. Okwathwalwa ngabantu naye wakuthwala, noma kunjalo wayeyiNdodana kaNkulunkulu engena sici. Wayengumhambi nesethekeli kulomhlaba—esezweni kepha engasuye walo ilizwe; elingwa njengalokhu abantu belingwa namhlanje, nokho waphila impilo engena sono. **Emnene, enozwelo nobubele, ngokuhlala njalo ekhathalela abanye, wabonakalisa isimilo sikaNkulunkulu, njalo wayehlezi ephatheke emsebenzini kaNkululu kanye nowabantu.** {8T 286}

Kanti vele iNdodana yaveza okungakanani ngesimilo sikaNkulunkulu?

**Isimilo sikaNkulunkulu sonke savezwa eNdodaneni yakhe,** kanti konke okwakungavela ezulwini kubonakalisiwe eNdodaneni yomuntu ozinsuku zakhe zingenamkhawulo ukuze umuntu ekwamukele. Indlela yomuntu yokubuyela kuNkulunkulu nasezulwini ayinayo imingcele. Ukujula kothando loMsindisi se;ubonakalisiwe; kanti uma lokubonakaliswa kothando

lukaNkulunkulu ebantwaneni bakhe kunganqobi ekudonseleni abantwa bakhe kuye, kushokhona ukuthi akukho okunganqoba—{ST December 30, 1889, par. 6}

Ubunye bukaKrestu noYise kwakuyintokozo kuNkulunkulu, ngokuba **wayesazi ukuthi emhlabeni kwakukhona umuntu owayengasoze eveze esimilo esingasiso esakhe. KuKrestu wabona ukubuyiselwa kwesimilo sakhe. Kanti lena kwakuyisifiso esikhulu sikaKrestu, ukuba abalandeli bakhe babenalobu bunye. Lobubunye wabukhulekela.** [Johane 17:17-21, quoted.] {14MR 220.2}

Kukrestu uNkulunkulu wabona ukubuyisela kwesimilo sakhe. **UNkulunkulu wabonakaliswa enyameni ngenxa yokuphelela kwesimilo sakhe esimilweni sikaKrestu. Nokuthi uNkulunkulu abonakaliswe ngalendlela enyameni kwaba yisimanga kubahlali basezulwini**, “yona imfihlakalo ebifihlakele selokhu kwaqala izikhathi nezizukulwane.” {ST, April 15, 1897 par. 10}

**Akukho angakwenzanga uNkulunkulu okwakumele ekwenze. Wanikela ngesibonelo esiphelele sesimilo sakhe esimilweni seNdodana yakh; kanti kungumsebenzi wabalandeli bakaKrestu ukuthi njengoba bebuka ukumenyezela kwempilo kanye nesimilo sakhe, bakhule ngokuya ngakuso.** Njengoba bebheka kuKrestu bephendukela othandweni lwakhe, bazoveza umfanekiso kaKrestu. {RH February 15, 1898}

USathane wathwesa uNkulunkulu ngezici zakhe. **UKrestu weza kulomhlaba ukuzoveza isimilo sikaNkulunkulu njengalokhu siyiso.** Uveza sobala uYise. Impilo yakhe engenasici, ayiphile kulomhlaba esesimeni somuntu, iphikisa ngokuphelele amanga nezisolo zikaSathane maqondana nesimilo sikaNkulunkulu. {Bible Training School Oct 1, 1902}

UKrestu uyiphatheni noma umfanekiso wethu, kanti usishiyele isibonelo esiphelele nesingcwele ukuba sisilandele. {Ms 65, 1894}

**UKrestu kuphela nguyena owayengaveza eyethule uYise kuluntu, kanti lomfanekiso abafundi babanenhlanhla yokuphila nawo okweminyaka emithathu.** {DA 664}

**Lomfundisi owavela ezulwini, engasuye omunye umuntu ngaphandle kweNdodana kaNkulunkulu, weza emhlabeni ukuzoveza isimilo sikaYise kubantu, ukuze bemkhonze ngeqiniso nangoMoya.** UKrestu wavezela abantu iqiniso elithi ukubambelela kangaka emithethweni nasemasikweni akunakumsindisa umuntu; ngokuba umbuso kaNkulunkulu ungowakamoya imvelo yawo. UKrestu weza emhlabeni ukuzolitshala ngeqiniso. Wayephethe okhiye bengcebo yonke yokuhlakanipha, ekwazi ukuvula izicapha zesayensi, eveze amaqiniso olwazi ayefihlakele, uma kungenzeka ukuba ebalulekile osindisweni. **Wavezela abantu okwakuphambene nalokhu okwakuvezwe yisitha maqondana nesimilo sikaNkulunkulu, wafisa ukugqizelela ebantwini uthando lukaBaba, owalithanda "kangaka izwe waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe nokuphila okuphakade."** [Johane 3:16.] Wakhuthaza abantu ngokubaluleka komthandazo, ukuphenduka, ukuvuma kanye nokushiya isono. Wabafundisa ukuthembeka, ukubekezela, umusa nozwelo ebabiza ukuba bengagcini ngokuthanda ababathandayo bodwa kepha nezitha zabo nalabo ababacikela phansi. Ngalokhu wayeveza isimilo sikaYise, ophuza ukuthukuthela, onomusa nosihe, novame ubumnene neqiniso. Labo abamukela lesifundo babengaphansi kwesandla sezingelozi, ezazithunywe ukuba zibaqinise, ukuba zibakhanyisele ukwenzela ukuba iqiniso livuselele liphinde lihlanze umphefumulo. {CE 74.1}

**Ekuchazeni umsebenzi wakhe emhlabeni, uJesu wayethe,** "UMoya weNkosi uphezu kwami, ngokuba ingigcobile ukuba ngishumayele ivangeli kwabampofu, ingithumele ukumemezela ukukhululwa kwabathunjiweyo, nokubona

kwabayizimpumputhe, nokuhlenga abacindezelweyo.” NgokukaLuka 4:18. Lona kwakungumsebenzi wakhe, wahamba esenza okuhle eselapha bonke ababecindezelwe nguSathane. Kwakunemizi nemizana lapho kwakungekho ngisho noyedwa ogulayo, ngoba wayesedlule ngakhona welapha bonke ababegula. Imisebenzi yakhe yafakaza ngogcobo lwakhe lwasezulwini. **Uthando, umusa kanye nozwelo kwambulwa kusosonke isenzo sempilo yakhe; inhliziyo yakhe ibidabukela abantwana babantu. Wathatha imvelo yabantu ukwenzela ukuba efinyelele izidingo zabantu.** Abampofu nabaswele kunabobonke babengasabi ukuza kuye. Ngisho nezingane zazimthanda. Zazithokozela ukuhlala emathangeni akhe zibuke ubuso bakhe obujwayelekile nobukhanya ngothando. UJesu akagqibanga nalinye izwi leqiniso, kepha walikhuluma njalo ngothando. Wasebenzisa ubuciko obukhulu nobuhlakani, kanye nomusa ekukhulumeni kwakhe nabantu. Akatholakanga eseyisa nangaluphi usuku, akazange akhuluma izwi elihlabayo kungena sizathu emphefumlweni ophukileyo. Wayengagxeki ukuhluleka kwabantu. Wayekhuluma iqiniso ngesikhathi sonke kepha ngothando. **Wayemelane nomoya wokuzenzisa, ukungakholwa kanye nobubi; kepha izinyembezi zazisephimbweni lakhe njengoba ekhuza.** Walikhalela iJerusalema, umuzi ayewuthanda, owanqaba ukumamukela, yena indlela neqiniso, nokuphila. Babemphika, yena uMsindisi kepha yena waqhubeka ebabuka ngeso lomusa nelokuthamba. Impilo yakhe ibihlezinjalo ingeyokuzidela nokunakekela abanye. Wonke umphefumulo ubuligugu emehlweni wakhe. Nanoma wayeziphatha ngesithunzi nesizotha sezulu, wayehlezi njalo ekhothamelela ukunaka lonke ilungu lomndeni kaNkulunkulu. Kubobonke abantu wazibonela imiphefumulo okwakungumsebenzi wakhe ukuyisindisa. **Lesi yisona isimilo sikaKrestu njengalokhu sivezwe empilweni yakhe. Lesi yisona isimilo sikaNkulunkulu**. **Amanzi ozwelo esiwabona egelezela abantwana babantu evela kuKrestu afumana umsuka wawo enhliziyweni kaBaba. UJesu, uMsindisi omnene**

**nonozwelo wayenguNkulunkulu "ebonakaliswa enyameni".** 1 kuTimothy 3:16. {SC 11, 12}

UKrestu weza emhlabeni, wembathisa ubuNkulunkulu bakhe ngobuntu ngokuthatha phezu kwakhe imvelo yomuntu. Weza ukuzodlula emaveni adlulwa ngumuntu wonke, ukudlula phezu kwendawo u-Adamu wawela kuyo, ukuze ehlenge ukuhluleka kwakhe, ukuze ehlangane enqobe ummangaleli kaNkulunkulu kanye nabantu. Lokhu wakwenza ukwenzela ukuthi ngomusa wakhe umuntu naye abengumqobi, kuthi ekugcineni abenendawo kanye naye esihlalweni sobukhosi. Wathatha isigaba lapho kwakuzolwelwa khona, kanjalo kwe lomhlaba umcane ungaka waphenduka indawo lapho impikiswano enkulu ibizokwenzeka khona phakathi kukaKrestu inkosi yokuphila kanye noSathane inkosi yobumnyama. **Ngenxa yokona abantu baphenduka abantwana bobubi, iziboshwa zikaSathane isitha sikaNkulunkulu. USathane waveza isimilo sikaNkulunkulu esingasiso, kanti umuntu owayedalwe ngomfanekiso kaNkulunkulu wangabaza ngothando lukaBaba wethu osezulwini,** wangasathembi ngisho nezwi lakhe, wazibeka ekuhlubukweni waphambana nezimiso zakhe zonke. {BEcho, November 1, 1892 par. 2}

**UKrestu weza ukuzoveza isimilo sikaBaba, nokuhlengela umuntu ekumlaleleni uNkulunkulu, ukuletha ukubuyisana phakathi komuntu noNkulunkulu.** Waphakamisa ukuba eqondane nqo nesitha, edazulule amaqhinga akhe, ukwenzela ukuba umuntu ephinde enze ukukhotha okusha ukuba uzosebenzela bani. USathane wayengu*Lucifer*, uNo-ukhanya, yena owayeyabelana ngenkazimulo kaNkulunkulu ezulwini, owayelandelana noKrestu ngamaandla nenkazimulo. Ngamazwi wesiprofetho wayechazwa njengomunye owaye – "luphawu lokupheleleyo; wawugcwele ukuhlakanipha, wawuphelele ngobuhle." Kepha u*Lucifer* waphendula ubuhle kanye namandla

ayewanikwe nguMdali, kanjalo ke ukukhanya kwakhe kwaphenduka ubumnyama. Ngesikhathi exoshwa ezulwini ngenxa yokungalaleli kwakhe, wazimisela ukuba uzokwenza abantu izigqila zakhe, lomhlaba awenze umbuso wakhe. Icala lokuhlubuka kwakhe waliphosa phezu kukaKrestu, kanti ngenzondo entsha nezimisele kuNkulunkulu wahlosa ukuba emzwise ubuhlungu ngokuwisa umuntu. Enjabulweni nasekuthuleni kwase-Edeni, wabona umbono walokho alahlekelwa yikho ingunaphakade, wazimisela ukuba evuse ezinhliziyweni zabantwana bakaNkulunkulu ukufutheka ayenakho ngaphakathi nomzukuzuku ayenawo enhlizweni yakhe, ekwenza lokhu ukwenzela ukuthi izingoma zendumiso nokubonga ababenazo ziphenduke inhlamba kuMenzi-wabo. {BEcho, November 1, 1892 par. 3}

Inyanga enkulu iphathisana nayo yonke imizamo eyenzelwa uluntu oluhlukumezekile, ukunikeza ukukhanya emzimbeni, ukunikeza ukuphila nokuvuselela umoya. Kanti vele kungani kunjena na? USathane weza emhlabeni wethu, waholela abantu esilingweni. Kanti ngesono kwavela ukugula nokuhlukumezeka ngoba phela sivuna lokho esikuhlwanyelayo. **USathane emva kwalokhu wenza ukuba umuntu ethwese uNkulunkulu icala lokuletha lobuhlungu nezinhlupheko ezeza ngenxa yokweqa imithetho yemvelo. Kanjalo-ke uNkulunkulu usolwa ngamanga, nesimilo sakhe sivezwa ngendlela esingasiso.** Ubekwa icala lokwenza lokho uSathane akwenza yena uqobo. Isifiso sikaNkulunkulu siwukuthi abantu bakhe bedazulule lamanga esitha. Kubo inikezile ukukhanya kwevangeli kwempilakahle, kanti njengabameli bakhe kwamele bedlulisele lokukhanya kwabanye. {Christian Educator, October 1, 1898 par. 9}

Izulu lonke linentshisekelo ensindisweni yomuntu, kanti umsebenzi usungenziwa ngokushesha, umbuso kaNkulunkulu usungeza, umhlaba ungagcwala ulwazi lukaNkulunkulu

njengamanzi esibekele ulwandle. **Isifiso esikhulu sezakhamuzi zezulu siwukuthi isimilo sikaNkulunkulu, esekukudala sihlanjalazwa sivezwa ekukhanyeni okungasikho, singavezwa sibonakaliswe njengalokhu siyikho kulabo abadukiswa ngamacebo amabi wesitha. USathane ufakile phezu kukaNkulunkulu izici zakhe mathupha,** kanti manje akusiso isikhathi sokuthi igama lenkosi lenziwe likhulu ezizweni yini? UNkulunkulu ubiza bonke asebekhanyiselwe ukuba beme ngolayini, beqale impi ngolaka (olungcwele) maqondana nenqaba yomubi. {HM, September 1, 1892 par. 6}

Ithemba elilodwa lwabantwana babantu lime ekutheni bebuyiselane noNkulunkulu. **USathane wayegcobe uNkulunkulu ngodaka ngangokuthi umuntu ubengena kuqonda isimilo sikaNkulunkulu nakancane. UKrestu weza emhlabeni, kanti ekuthwaleni icebo losindiso, wavezela abantu ukuba "uNkulunkulu uluthando."** {Messenger, June 7, 1893 par. 2}

UKrestu weza emhlabeni ukuzoveza uYise kumuntu. Waveza imvelo kaNkulunkulu emhlabeni. **USathane wayegcobe uBaba ngodaka. Wayemveze njengomuntu ononya nokuziphindisela, ungathetheleli, ungenasineke, umusa nothando. Wamembhathisa izici zesimilo sakhe; kepha uKrestu weza, wembhatha isimo somuntu, ukwenzela ukuba evezele abantu isimilo sikaBaba seqiniso;** kanti thina kwamele siveze uKrestu emhlabeni njengalokhu yena eveze uYise. {RH, April 30, 1889 par. 8}

**USathane uveze isimilo sikaNkulunkulu ekukhanyeni okungasikho. Umembhathise izici zesimilo sakhe. Umveze njengomuntu olukhuni ongenakuguqulwa muntu.** Wayevalele umhlaba ukuba ungaboni isimilo noma inkazimulo kaNkulunkulu yangempela ngokuphonsa isithunzi sakhe phakathi komuntu noNkulunkulu. **UKrestu weza emhlabeni wethu ukuzosusa lesithunzi. Weza ukuzoveza uYise. Wathi "ongibonile mina,**

**ubonile uBaba." Wakhuleka ukuba abafundibakhe babemunye naye, njangalokhu emunye noYise. Abantu sebethe akunakwenzeka ukuba sibebanye ngalendlela kepha uKrestu sekwenze kwenzeka ngokusibuyisa kanye naye ngenxa yomnikelo wakhe kanye nemisebenzi yokuphila kwakhe.** Kungani kwamele singabaze amandla nothando lukaNkulunkulu? Kungani singazibeki ohlangothini lokholo? Uyabubona yini ubuhle bukaKrestu? Khona cela ukulandela ezinyathelweni zakhe. Weza ukuzoveza uYise emhlabeni, kanti usinikeze umsebenzi wokuveza uthando, ubuhle nokulunga kwakhe kanye nozwelo analo ngabantwana babantu. {ST, April 15, 1889 par. 6}

**UJesu weza kulomhlaba ukuba ezoveza isimilo sikaBaba ezweni. Wathi, "Ongibonile mina ubonile uBaba." uSathane wayeveze isimilo sikaNkulunkulu esingasiso, wambeka ekukhanyeni okungekho. Kepha uKrestu weza ukuba ezoveza uthando lukaBaba nozwelo lwakhe ebantwaneni babantu.** Uma labo abazibiza ngokuthi bayizinceku zikaNkulunkulu begudula izinyawo zabo, ubuso budangele, behlezi bekhononda njalo, basuke beveza uBaba osezulwini ngendlela engasiyo. Basuke bevumelana neziphakamiso zikaSathane maqondana nesimilo sakhe. Basuka besho emhlabeni ukuba, "ukusebenzela uJehova kulikhuni. Njalo nokukugcina imithetho yakhe kuyagqilazana." Ngamanga wonke lawa. Ingabe kuyini okufaka amaketango ezingalweni zabantu na? Ingabe kuwukulalela nokwenza umthetho wakhe na? Cha! Abagcina imiyalo bahamba enkululekweni. Yisoni noma yilowo nalowo oweqa umthetho osebugqileni. Isiqalekiso somthetho asikhophezu kwalabo abaphikelela ukugcwalisa izimiso zikaNkulunkulu bekwenza lokho ngokholo kuMsindisi. Bembeswe wukulunga kwakhe. Banokuthula noNkulunkulu ngayo iNkosi yethu uKrestu uJesu. {ST, September 30, 1889 par. 7}

UKrestu wayezingelwa indawo ngendawo ngesikhathi enza umsebenzi wakhe. Abapristi nababusi bsbehlezi njalo besemva kwakhe. **Beveza umsebenzi wakhe ekukhanyeni okungasikho. Weza kwabakhe kepha abamamukelanga abakhe. Izingelosi zazihlezi njalo zibheke lempi kusosonke isinyathelo. zawubona umoya nomsebenzi wesitha.**Zabuka ngokumangala okukhulu wonke amacebo oMubi maqondana neNdodana kaNkulunkulu. **Zabona ukuba lowo owayeza emva kukaKrestu ngamandla nangenkazimulo wayewe ngendlela eyokuthi wayezovusa abvantu ukuba bezingele uKrestu umuzi nomuzi.** Ngesikhathi uKrestu efuna insimu yaseGetsemane, isitha sasifuthela umoya wakhe ngobumnyama. Ngisho nabafundi bakhe imbala abakwazanga ukubheka naye ihola lokulingwa. Bezwa umthandazo wobuhlungu owaphuma ezindebeni zakhe ezazitatazela zomila, kepha maduze nje bavumela ukulala kubehlela kwabanqoba; bayishiya iNkosi yabo ihlupheka yabhekana namandla wobumnyama yodwa. {ST, November 25, 1889 par. 1}

**Ngaphandle kokuthi abantu bazane noNkulunkulu njengalokhu uKristu emambulile, akunakwenzeka ukuba abantu beyakhe isimilo esinjengesakhe, ngakho akunakwenzeka ukuba bengambona uNkulunkulu.** Kuyinto eyisimanga kakhulu phakathi kwezithunywa zezulu ukuba umuntu okewazana noNkulunkulu anganganakekeli, noma evumele ingqondo yakhe ingcwile ezintweni zesikhashana, bevumele ingqondo yabo esuswe kuNkulunkulu osezulwini, bezithole sebekhohlwa ngaye, baze befake esikhundleni sakhe amanye amakhosi nabanye onkulunkulu. Usuku selwafika lapho khona kunamakhosi amaningi noonkulunkulu abaningi, kanti uSathane uzimisele ukuba ezifake phakathi kukaNkulunkulu nemiphefumulo yabantu ukwenzela ukuba abantu bengalethi inhlonipho kuNKulunkulu ngokulalela umthetho wakhe. USathane uzembathise izingubo zokukhanya, kanti uza ebantwini njengengelozi yokukhanya.

Wenza ukuba umphefumulo onecala ungaboni izinto ngendlela eqondile, ukuze lomphefumulo uzonde lokho okumele ukuthande, uqede uthande lokho okumele ukuzonde. **Ebusweni balowo mphefumulo uNkulunkulu usethelwe ngodaka ngangokuthi akafisi nokugcina uBaba oyedwa ophilayo noweqiniso engqondweni. Uyaphenduka ukuba ekhonze onkulunkulu bamanga. Akazi ukuba uthando lukaNkulunkulu akukho okunjengalo, nokho uKrestu uluvezile emhlabeni owileyo.** UJohane ubiza umhlaba ukuba ubuke olumangalisayo uthando lukaNkulunkulu, ethi, "Bhekani uthando olungaka asinike lona uBaba lokuba sithiwe singabantwana bakaNkulunkulu; futhi siyibo. Ngalokho izwe alisazi, ngokuba alimazanga yena." {RH, March 9, 1897 par. 10}

USathane wayehlambalaze isimilo sikaNkulunkulu emhlabeni, elinge umuntu ukuba ewele ekuhlubukeni; **kepha uKrestu weza ukuze eveze ngokuphila kwakhe nangesimilo sakhe imvelo yeqiniso kaBaba. Konke ahamba khona, waveza uBaba njengoNkulunkulu wothando nozwelo olungenamkhawulo.** {ST, May 18, 1891 par. 2}

Esiqwini sikaKrestu nasemsebenzini wakhe ukulunga nobungcwele bukaNkulunkulu buveziwe; **Ngoba uKrestu weza ukuzoveza uBaba. USathane wayelahlele isithunzi sakhe endleleni yoluntu, waveza isimilo sikaNkulunkulu ekukhanyeni okungasikho.** Lempi enkulu noSathane ayiphelanga ngesikhathi exoshwa emagcekeni wasezulwini. Wayizonda iNdodana kaNkulunkulu emagcekeni kaNkulunkulu, wamzonda kakhulukazi nanoma esexoshiwe esikhundleni sakhe. Waqhubeka emzonda nanoma eze emhlabeni owonakeleyo, ezele ukuzoveza umusa nozwelo kuluntu olwaluyizoni. Ngabapristi abakhulu nabaFarisi ubutha bukaSathane babonakaliswa maqondana newundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe. {ST, December 11, 1893 par. 8}

Umsebenzi kaKrestu emhlabeni uveza lokho uYise ayengakwenza KUKHO KONKE okuvela kungazelelwe, noma-ke ingozi. Ingozi enkulu kunazozonke ezike zavela ephakadeni lilonke yimpikiswano enkulu. Kanti-ke kuKrestu uJesu kubonakaliswa okwenziwa nguYise.

> Umsebenzi womSamariya omuhle umele umsebenzi kaKrestu emhlabeni. **UMsindisi wethu uzele ukuzothula nokuveza isimilo sikaNkulunkulu, nokuveza uthando lwakhe ebantwini. Wenza njengalokhu uYise ayezokwenza KUSOSONKE isigameko esivela singazelelwe.** Ukrestu usivezele uthando olungasoze lwalinganiswa nothando lomuntu. Wafela ukusindisa labo ababeyizitha zakhe; wabakhulekela ababembulala. Ngesikhathi sigxobekile, silimele sisifa, wabanozwelo kithi. Akavelanga wadlula eceleni komgwaqo wasishiya singenalo ngisho ithemba, engasilekelelanga ukuba sife. Akahlalanga ekhayeni lakhe elifudumele nelingcwele, lapho ayehlonishwa yizithunywa zezulu zonke, ezazithanda ukwenza intando yakhe. Wabheka isidingo sethu esiphuthumayo; wathatha icala lethu walenza icala lakhe. "Yaphenduka umuntu wobuhlungu owazi ukugula... yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sasiphezu kwayo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo yayo siphilisiwe thina." {HM, October 1, 1897 par. 7}

UKrestu ungumphindiseli ovela ezulwini ongayisebenzisi indluzula.

> Iziprofetho sibeke kwakhanya imvelo yombuso kaKrestu. **Umise umbuso ongayikusebenzisa indluzula; kanti nazakhamuzi zalowombuso asoze zakwazi ukucindezelwa.** Imifanekiso yemibuso yasemhlabeni iyizilwane zasendle, kepha embusweni kaKrestu, abantu babizelwa ukuba bebheke hhayi izilwane ezinodlame nobudlwangudlwangu kodwa iwundlu likaNkulunkulu. **Akazanga njengomashiqela ovuthayo, kepha njengeNdodana yomuntu; hhayi ukuba ezonqoba izizwe ngenqindi yensimbi, kepha "ukushumayela izindaba ezinhle kwabathotshisiweyo;" "ukubopha abazinhliziyo ezaphukileyo,**

> **nokumemezela ukukhululwa kwabathunjwa nokuvulelwa kweziboshwa itilongo;"** "ukududuza bonke abakhalayo." **Weza njengomphindiseli owavela ezulwini,** eletha kuluntu oluqindezelwe nolushayelelwa phansi isithunzi ingcebo yomusa wezulu ophuphumayo, ukwenzela ukuba ngamandla okulunga kwakhe, abantu nanoma sebewile badudulwa odakeni, bangabuye bebenobudlelwano nobunkulunkulu. {RH, August 18, 1896 par. 3}

Siyayibona indaba eyayimcoka ngo1888. Ibiphathelene nesimilo sikaNkulunkulu.

> "Emhlanganweni waseKansas umkhuleko wami kuNkulunkulu wawukuthi amandla esitha enqamuke, **nokuthi abantu ababesemnyameni bengavula izinhliziyo zabo nezingqondo zabo kumyalezo owathunyelwa nguNkulunkulu, ukuze bebone iqiniso elalilisha ezingqondweni eziningi, njengamaqiniso amadala efakwe ezitsheni ezisha. Ukuqonda kwabantu bakaNkulunkulu kufipheziwe; ngokuba uSathane usithile waveza isimilo sikaNkulunkulu ekukhanyeni okungasikho. INkosi yethu enhke nenomusa ivezwe phambi kwabantu yembathiswe ngezici nezingubo zikaSathane, kanti amadoda namakhosikazi ayedinga iqiniso sewebheke uNkulunkulu ngezibuko eziphambene isikhathi eside ngangokuthi sekunzima ngisho nokuxosha iyezi elisitha abantu ukubona inkazimulo yakhe.** Iningi seliphile endaweni egcwele ukungabaza, kanti kubukeka sengathi akunakwenzeka ukuthi bengabambelela ethembeni elibekwe phambi kwabo evangelini likaKrestu." {RH July 23,1889}

Lesingcaphuno siyindlela enhle kakhulu yokusonga lokuqoqwa kwezingcaphuno. UKrestu akabhidlizi. Uthuthukisa konke akuthintayo. Hallelu-jah.

Kwamele siqaphelisise sonke isifundo esisinikezwa nguKrestu empilweni yakhe yonke kanye nasezimfundisweni zakhe. Akabhubhisi akabhidlizi; uthuthukisa nanoma yini ayithintayo. E.G.W Letter 135 1897 {1SM, 118}

# Injongo Yokuza KukaKrestu Emhlabeni

UKrestu waphakamisa isimilo sikaNkulunkulu, enikela kuye lonke udumo, nezibongo, kanti injongo yomsebenzi awuzela lapha emhlabeni-; ukubeka abantu endaweni yabo ngokubambulela uNkulunkulu. KuKrestu emi phambi kwabantu bekumi umusa nokuphelela okungena kuqhathaniswa okukaBaba. Emkhulekweni wakhe ngaphambi kokuba ebethelwe emthini, washo lamazwi, "Ngibonakalisile igama lakho." "Ngikukhazimulisile emhlabeni, ngifeze umsebenzi ongiphe wona ukuba ngiwenze." Uma injongo yokuza kwakhe emhlabeni eseyifezile,—ukwambula uNkulunkulu emhlabeni,—iNdodana kaNkulunkulu yamemezela ukuba umsebenzi wayo ubusufezekile, nokuthi isimilo sikaBaba besesibonakalisiwe kubantwana babantu.

{ST January 20, 1890, par. 9}

maranathamedia.com